

USARS ubhekana nezinkampani zama-PPE ezingathobeli

Tshwane, 8 kuMfumfu 2021 – uPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) kamuva nje belugxile ezinkampanini ezingama-52 ezingathobeli imigomo yentela ezathola izinkontileka zika-R1-billion ukuze zihlinzeke ngezinsizakuvikela (ama-PPE) kanye neminye imisebenzi emayelana ne-Covid-19.

Kuze kube manje, ziyi-11 izinkampani ezilahlwe yicala, amacala ayi-7 asohlwini lwasenkantolo, angama-29 aku-*National Prosecution Authority* (NPA) ukuze kuyobhalwa amacala kanye/noma izincwadi ezigunyaza ukuboshwa, kanti amadokodo amacala ama-5 wona akuma-Hawks.

USARS usuthola imali engu-R170 million yezintela ebezingakhokhiwe ezihlobene nezinkontileka zama-PPE kanye nempahla ye-R500 million (kubandakanya nokheshi) okumanje sezingaphansi kwemiyalelo yenkantolo yokuthi kuyoba yicala uma zingase zishintshwe. USARS uphenya nezinye izinkampani ezingama-33 ezixhumene nabantu abakhishwe ezombusazwe.

Phezu kwalokho, izinkampani eziningi ezithole amathenda kahulumeni abalelwa ku-R50-million ngemisebenzi emayelana neCovid-19 zisanda kugwetshelwa ukuthi zazingayibhaliselanga iNtela Yentengo (i-VAT).

Izinkampani zazinikwe amathenda wuMnyango Wezemfundo okubulala amagciwane nokuhlaza izikole. Enye inkampani yanikwa ithenda uMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi kwaZulu Natali ukuze uhlinzeke ngezinsiza zokuhlaza kanye nezinto ezidlekayo.

Lezi zinkampani zalahlwa yicala zagwetshwa eNkantolo Yesifunda eThekwini ngesonto eledlule. Izigwebo zisuka ezinyangeni ezinhlanu kuya ezinyangeni eziyishumi bebhada ejele (kodwa bangakhetha ukukhokha inhlawulo). Lawa macala alandela amanye athola izigwebo ezifanayo eGauteng naseFree State.

I-Fusion Centre, esungulwe uhulumeni, inomthwalo wokuxhumanisa ukuphendula kwabaphoqelesi bomthetho ezinsolweni zenkohlakalo, noma zezenzo ezihlobene nalokho, kubandakanya ukungaphathwa ngendlela kwezimali eziqondene nemizamo yokungenelela ekwehliseni umthwalo nokunqanda ukhuvethe. Ukusebenzisana phakathi kwaSARS namanye ama-ajensi kuholele ekubanjweni kwempahla yenani lika-R41-million kanye nokheshi okuhlotsaniswe nezikhungo ezibalulwe ngenhla.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe uSARS uzinikele ekusebenzisane nabo wonke ama-ajensi okuphoqelelwa komthetho ukuqinisekisa ukuthi liyanyuka izinga lokuqoqwa kwentela kanjalo nelokuthobela imigomo yentela.

“Isikhungo angeke sikhathale ukulandela labo ababalekela izibophezelo zabo ngokomthetho ngokungabhaliseli iNtela Yentengo, esemqoka ezinkampanini ezisebenzayo kuyo yomibili imikhakha okahulumeni nezimele.

“Kubukeka kusobala futhi kungangabazisi ukuthi ezinye izinkampani zisebenza ngaphandle komthetho, zifuna ukwenza inzuzo ngesikhathi sobhubhane oluthinta

izimpilo zezigidi zabantu baseNingizimu Afrika, ikakhulukazi laba abahlwempu nabasengcupheni. Uthe, "Okubuhlungu ukuthi izimali ezintshontshwayo zisetshenziselwa ukukhokhela impilo yokukhazikhazi."

USARS unentshisekelo kungenisomali elingahambisani nezindleko kanjalo nokungahambisani kwemali engenayo nephumayo. Abathengisi kumele baqinisekise ukuthi izindaba zabo ze-VAT zihlelekile - hhayi kuphela uma kukhona amaphepha entela asilele, kodwa nokuthi imithombo yemali engenayo, ikakhulukazi izinkokhelo ezivela kuzinkontileka zingakwazi ukuqondaniswa ne-VAT okuzomele ikhokhwe.

"USARS uzoqhubeka nokuhlola nokwenza kumbe eqolo kulabo abazibandakanya kunoma yiluphi uhlobo lokungathobeli. Uhulumeni uthembele kuSARS ukuba uqoqe izintela ukuze akwazi ukuhlinzeka ngezinsiza zokwehlisa umthwalo emahlombe abantu abadala, kanjalo nabantu namakhaya asengcupheni. Empeleni, ubugebengu bentela ubugebengu obuphuca abantu abahlwempu nabasengcupheni," kusho uMnu Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za